



## Sharing books with babies and toddlers

**Why bother to read to babies who can't yet talk or to toddlers? The simple answer is that it is a wonderful way to get to know each other, develop your baby's or toddler's language and stimulate their minds to have big thoughts and ideas! Here are some tips for your reading times:**

- First books that have simple pictures or photographs of babies' faces usually work well for very young babies.
- Repetition and routine makes young babies feel secure so you can read the same book over and over again in exactly the same place each day without boring your baby! You can also say different things (and in different languages!) to

what is written on the page as long as you and your baby are enjoying yourselves.

- Until your baby can sit by himself, it's easiest to put him on your lap with his back against you and to hold the book in front of him.
- From about six months of age, most babies also enjoy books that have songs and rhymes in them. Read the words but also talk about what is in the pictures and name some of the objects and colours. Don't forget to make lots of interesting sounds too – for example, 'moo' when you look at a picture of a cow!
- Board and cloth books work best when you want to allow your baby to handle books on her own like during nappy changes or when she is in her pram. These books can be chewed, pulled and

patted without breaking!

- Older babies enjoy books with flaps, pop-ups and buttons that you press to make sounds. They also begin to get more involved with what is going on in the book like pointing to things on the page or trying to turn the page.
- Between one and three years, children's ability to understand and use language increases dramatically. Although they continue to enjoy the books from their first year, they often like stories about other children, animals and familiar everyday experiences.
- Continuing to set aside special times each day to read with your toddler will help him or her to learn that reading is a pleasurable activity!

info@nalibali.org

## Ukwabelana ngezincwadi nabantwana nojahidada

**Kufanele ngani ukuba uzihluphe ngokufundela abantwana abangakakwazi ukukhuluma noma ojahidada? Impendulo elula iwukuthi lokhu kuyindlela enhle kakhulu yokwazana, uthuthukise ulimi lomntanakho noma ujahidada futhi ushukumise ingqondo yakhe ibe nemicabango nemiqondo ebanzi! Nanka amanye amacebiso angezikhathi zokufunda:**

- Izincwadi zokuqala ezinezithombe noma imifanekiso yabantwana ngokuvamile zisebenza kangcono kubantwana abancane.
- Ukuphindaphinda nokwenza osekwejwayelekile kwenza abantwana abancane bazizwe belondekile ngakho ungafunda incwadi efanayo ude uphindelela endaweni efanayo usuku nosuku ngaphandle kokuba yisicefe kumntanakho! Ungase usho nezinto ezihlukene (nangezilimi ezihlukene!) kunalokho okubhalwe ekhasini, inqobo nje uma wena nomntanakho nikujabulela lokho.
- Kuze kube yilapho umntanakho esekwazi ukuzihlalela ngokwakhe, kulula ukumgona ancike kuwe bese ubamba incwadi phambi kwakhe.
- Kusukela lapho sebenezinyanga ezingaba yisithupha ubudala, abantwana abaningi bayazijabulela nezincwadi ezinezingoma nezinkondlo kuzo. Funda amagama kodwa futhi xoxa ngalokho okusezithombeni ubuye ubize izinto nemibala ethile ngamagama. Ungakhohlwa ukwenza imisindo eminingi ehlaba umxhwele – ngokwesibonelo, ukuthi 'moo' uma ubheka isithombe senkomo!

- Izincwadi zamabhodi nezindwangu zisebenza kangcono uma ufuna ukuba umntanakho azibambele izincwadi, njengalapho umshintsha inabukeni noma lapho ehleli enqodlaneni yakhe yabantwana. Lezi zincwadi angazihlafuna, azidonse futhi azishaye phansi ngaphandle kokuzilimaza!
- Abantwana asebekhulakhulile bayazijabulela izincwadi ezinamachopho, ama-pop-up nezinkinobho ongazicindezela ukuze wenze imisindo. Baqala nokuzibandakanya kakhudlwana kokwenzekayo njengokukhomba izinto ekhasini noma ukuzama ukuphenya ikhasi.
- Uma beneminyaka ephakathi kowodwa nemithathu, ikhono labantwana lokuqonda nokusebenzisa ulimi likhula ngendlela eyisimanga. Nakuba beqhubeka bejabulela izincwadi ababezifundelwa onyakeni wabo wokuqala, ngokuvamile bathanda izindaba ezikhuluma ngabanye abantwana, izilwane nezinto abazijwayele ezenzeka nsuku zonke.
- Ukuqhubeka ubekela izikhathi ezikhethekile zokufunda nomntanakho kuyomsiza ukuba afunde ukuthi ukufunda okubhaliwe kuwumsebenzi ojabulisayo!

For more tips on reading to babies and toddlers as well as books they often enjoy go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Which are your baby or toddler's favourite books? Let us know by 23 August 2012 on Twitter using the hashtag #nalibali and stand a chance of winning a set of Little Hands books.



Ukuze uthole amanye amacebiso okufundela abantwana nojahidada kanye nezincwadi abavame ukuzijabulela, yiya kuwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

Yiziphi izincwadi ezithandwa umntanakho noma ujahidada? Sitshele ngaphambi komhla ka-23 Agasti 2012 ku-Twitter usebenzisa i-hashtag #nalibali ube sethubeni lokuwina isethi yezincwadi ze-Little Hands.

Connect with your child. It starts with a story ...  
Xhumana nengane yakho. Kuqala ngendaba exoxwayo...





# Story stars

## Raising a reader

Sindiswa Mondi started reading to her baby when he was six months old. We caught up with this working mom who likes to use stories as a way to spend quality time with her son.

### When do you read to your baby?

We read at bedtime just before we go to sleep every night.

### Does your son know when you are reading to him?

I believe he knows. His favourite book is a Xhosa one which has animals and the sounds that they make. When I start making an animal sound, he smiles and starts looking around for the book – he knows the sound is from the book and that we are going to read!

### Where do you get the stories you tell?

From the books – I haven't gotten to the point yet where I can pull stories from my head! But my son's nanny can. You can find him lying quietly on her chest listening to the sound of her voice until he falls asleep.

### Were you told stories growing up?

I grew up with my granny, who had tons of stories. I'll be telling my son some of those soon.

### What is your advice to other new parents when it comes to storytelling?

Stories are a great way for bonding with your child. Even though she or he might not show interest, they are listening and hear what you say. Keep trying!



Illustration by Alzette Prins  
Izithombe ngu-Alzette Prins

**Stop!**

If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.

To read more about Sindiswa Mondi go to the Story Stars section on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

If you know of a reading club, parent, caregiver or organisation working hard to root reading and writing into children's daily lives, tell us about them at [www.nalibali.org/nominate-a-story-star](http://www.nalibali.org/nominate-a-story-star) or Nal'ibali, PO Box 1654, Saxonwold, 2132 and we could feature them here!

# Abavelele ezindabeni

## Ukukhulisa umfundi

USindiswa Mondi waqala ukufundela umntanakhe esenezinyanga eziyisithupha ubudala. Sabonana nalo mama osebenzayo othanda ukusebenzisa izindaba njengendlela yokuchitha isikhathi esimnandi nendodana yakhe.

### Umfundela nini umntanakho?

Sifunda ebusuku ngaphambi nje kokuba siyolala nsuku zonke.

### Ingabe indodana yakho iyazi uma usuyifundela?

Ngicabanga ukuthi uyazi. Incwadi ayithanda kakhulu eyesiXhosa enezilwane nemisindo eziyenzayo. Uma ngiqala ukwenza umsindo wesilwane, uyamamatheka abese ecinga incwadi – uyazi ukuthi lowo msindo uvela encwadini nokuthi sesizofunda!

### Uzitholaphi izindaba omxoxela zona?

Ezincwadini – angikafiki eqophelweni lapho ngikwazi khona ukuxoxa izindaba ngekhandla! Kodwa umzanyana wendodana yami uyakwazi. Ungamthola ecambalele ethule esifubeni sakhe elalele izwi lomzanyana aze azumeke.

### Ingabe nawe wawuxoxelwa izindaba ngesikhathi usakhula?

Ngakhuliswa uGogo, owayenenqwaba yezindaba. Maduzane nje ngizoxoxela indodana yami ezinye zazo.

### Ubacebisa uthini abanye abazali abasha uma kuziwa ekuxoxeni izindaba?

Ukuxoxa izindaba kuyindlela enhle kakhulu yokusondelana nomntanakho. Nakuba angase abonakale engenandaba, usuke elalele futhi ekuzwa okushoyo. Qhubeka wenze umzamo!

**Yima!**

Uma ungeke usisebenzise lesi sithasiselo sicela usinikeze umuntu ozosisebenzisa. Sihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, kumtapowolwazi noma kumuntu omaziyo.

Ukuze ufunde kabanzi ngoSindiswa Mondi yiya engxenyeni ye-Story Stars kuwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)


Uma wazi ithimba lokufunda, umzali, umnakekeli noma inhlangothi ethile esebenza ngokuzikhandla ukugxilisa ukufunda nokubhala empilweni yezingane nsuku zonke, sitshele ngabo ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) futhi singalushicilela udaba lwabo lapha!

### Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zenzele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



## Get story active!

After you and your children have read *Can you?* try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- ★ Read the story together in your home language again, this time doing each of the actions.
- ★ Read the story in the other language of the supplement. Encourage your children to say the action words with you and to do the actions.

### If you have 30 minutes...


- ★ Play the game 'Do this, do that'. In this game, the leader says 'do this' followed by an action which everyone else copies. This is repeated using different actions as many times as you like. When the leader says 'do that', everyone should stand still. Those who copy a 'do that' action are out.
- ★ Draw a 'wiggle your nose' face with your children and write 'Wiggle your nose!' under it, saying the words aloud as you write them. Don't worry about what the picture looks like – just enjoy drawing and writing together!

### If you have one hour...

- ★ Take an A4 sheet of paper and divide it into six blocks. At the top of the page, write 'I can...'. Ask your children to draw pictures of themselves doing something different in each block. Encourage them to write one or two words that describe each action they have drawn, for example, 'run fast' or 'read' or write the words for them. Display your children's pictures so that other family members are able to see what achievements your children are proud of.

### Can you find the action words from *Can you?* in this word search puzzle?

shake	b	d	w	c	e	x	f
shrug	s	t	a	m	p	g	w
sleep	h	i	v	h	j	k	i
stamp	a	c	e	l	m	o	g
tickle	k	k	s	h	r	u	g
wave	e	l	n	p	s	q	l
wiggle	t	e	u	z	x	w	e
	v	s	l	e	e	p	e



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemva kokuba wena nezingane senifunde incwadi ethi *Ungakwazi?* zamani eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- ★ Fundani le ndaba ndawonye ngolimi lwenu futhi, kulokhu nenze isenzo ngasinye.
- ★ Funda indaba ngolunye ulimi lwesithasiselo. Khuthaza izingane zakho ukuba zisho ezikwenzayo kanye nawe futhi zenze lezo zenzo.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- ★ Dlalani umdlalo othi 'Yenza lokhu, wenze lokhuya'. Kulo mdlalo, oholayo uthi 'yenza lokhu' bese elandelisa ngesenzo wonke umuntu asilingisayo. Lokhu kuyaphindaphindwa ngesenzo ezingafani kaningi ngendlela ofuna ngayo. Uma oholayo ethi 'wenze lokhuya', bonke kufanele bame khimilili. Labo abamlingisayo uma ethi 'wenze lokhuya' bayaphuma.
- ★ Dweba umfanekiso we-'wokunyakazisa ikhala' nezingane bese ubhala ukuthi 'Nyakazisa ikhala' ngaphansi kwaso, usho amagama ngokuzwakalayo ngesikhathi uwabhala. Ungakhathazeki ukuthi isithombe sinjani – jabulelani nje ukudweba nokubhala nindawonye!

### Uma unehora...

- ★ Thatha iphepha elingu-A4 ulihlukanise amabhulokhi ayisithupha. Phezulu ekhasini, bhala ukuthi 'Nginga-...'. Cela izingane zidweba umfanekiso wazo zenza okuthile okuhlukile ebhulokhini ngayinye. Zikhuthaze ukuba zibhale igama elilodwa noma amabili achaza isenzo ngasinye ezisibhalile, ngokwesibonelo, 'gijima' noma 'funda' noma uzibhalele amagama wena ngokwakho. Yiba nendawo olengisa kuyo le mifanekiso yezingane ukuze amanye amalungu omndeni abone ukuthi izingane zakho ziziqhenya ngokwenza ini.

### Ungawathola amagama ezenzo avela ku-*Ungakwazi?* njengoba ucinga la magama akule phazili?

nyakaza  
qhikiza  
uyolala  
gxoba  
kitaza  
vayisa  
hamba

u	y	o	l	a	l	a
a	z	a	k	a	y	n
v	a	y	i	s	a	g
y	e	x	t	h	i	x
k	i	t	a	z	a	o
a	z	u	z	a	t	b
q	h	i	k	i	z	a
h	a	m	b	a	d	k

## Meet the Nal'ibali characters

### Mbali

Mbali is just 2 years old and she is Neo's little sister. She lives with Neo, Mom, Dad and Gogo so there's always someone who can read to her! She mostly speaks isiZulu but she can say some words in isiXhosa and English. Mbali loves dressing up and playing with her teddy bear. Books with nursery rhymes in them are her favourite but she also enjoys looking at Neo and Bella's books and pretending to read them. In fact, you will often find Mbali 'reading' to her teddy bear or Bella's dog, Noodle!

## Sinethulela abalingiswa bakwaNal'ibali

### Mbali

UMbali uneminyaka emi-2 kuphela ubudala futhi ungudadewabo kaNeo omncane. Uhlala noNeo, uMama, uBaba noGogo futhi njalo kunomuntu omfundelayo! Uvame ukukhuluma isiZulu kakhulu kodwa kukhona amagama awaziyo ngesiXhosa nesiNgisi. UMbali uyakuthanda ukugqoka abe muhle nokudlala ngo-*teddy bear*. Izincwadi ezinezinkondlo zasenkulisa uzithanda kakhulu kodwa uyakuthanda nokubheka izincwadi zikaNeo benoBella abese enza sengathi uyazifunda. Empeleni, uzomthola njalo uMbali 'efundela' u-*teddy bear* wakhe nomainja kaBella, uNoodle!





## Story corner

Here is the second part of the story about Lesedi and the tree seeds for you to read aloud or tell.

### The truth tree (Part 2) by Nola Turkington

After six months, Lesedi waited sadly for the new moon to climb the sky. Then he hurried to the Great Place, carrying his pot of soil without anything growing in it. At the Great Place he found all the same men waiting, each holding a pot, and in each pot there was a little tree. Only Lesedi held a pot without a tree.

The men laughed and whispered to each other, 'No way will the Princess choose Lesedi for her husband, there is not even a tiny tree in his pot.' Only the old King, the wise woman and Lesedi were silent.

Soon, the Princess arrived. This time she talked to each man in turn, and she looked carefully at every tree. At last, at the end of the long line, the Princess came to Lesedi. Gently, taking his pot from his hand, she held it up for everyone to see.



'This is the man I will marry, and no other,' declared the Princess. 'Lesedi has proved that he is honest. Before you received the seeds, for a day and a half, this wise woman boiled them in her big black cooking pot. That meant nothing could grow from the seeds. All the seeds were dead! Lesedi has brought a pot with no tree – this is how I know that he is honest!'

Three days later, there was a wonderful wedding feast. Many, many people came from all over Lesotho. All night long they ate and danced to the beat of drums. The young princess fell in love with Lesedi and he fell in love with her. And they lived happily ever after.

Three days later, there was a wonderful wedding feast. Many, many people came from all over Lesotho. All night long they ate and danced to the beat of drums. The young princess fell in love with Lesedi and he fell in love with her. And they lived happily ever after.

Three days later, there was a wonderful wedding feast. Many, many people came from all over Lesotho. All night long they ate and danced to the beat of drums. The young princess fell in love with Lesedi and he fell in love with her. And they lived happily ever after.

Three days later, there was a wonderful wedding feast. Many, many people came from all over Lesotho. All night long they ate and danced to the beat of drums. The young princess fell in love with Lesedi and he fell in love with her. And they lived happily ever after.

Three days later, there was a wonderful wedding feast. Many, many people came from all over Lesotho. All night long they ate and danced to the beat of drums. The young princess fell in love with Lesedi and he fell in love with her. And they lived happily ever after.

### In your next Nal'ibali supplement:

- How to read with 3 to 6 year olds
- Story stars: a father who reads regularly with his son
- Mini-book, *How the hippopotamus lost its fur*
- The first part of the story, *Feleng learns to read*

Need more resources? Nal'ibali is here to help! Visit the resource section on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) for posters, bookmarks, checklists and tip sheets in English, isiXhosa, isiZulu and Afrikaans! You can also find us on Facebook.



Find us on Twitter: @nalibali  
Tholana nathi kwi-Twitter: @nalibali

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba kaLesedi nembewu yesihlahla okufanele uyifunde ngokuzwakalayo noma uyixoxe.

### Isihlahla samaqiniso (Ingxenye yesi-2) Ibhale nguNola Turkington

Ngemuva kwezinyanga eziyisithupha uLesedi walinda edabukile ukuthi inyanga entsha ibe phezulu esibhakabhakeni. Wase eshesha eya eSigodlweni seNkosi ephethe ukhamba lwakhe olugcwele umhlabathi okungazange kuhlume lutho kulona. ESigodlweni seNkosi wafica amadoda afanayo elindile, indoda ngayinye yayiphethe ukhamba futhi kwakukhona izihlahla ezincane okhambeni ngalunye. Ukhamba lukaLesedi kuphela olwalungenasihlahla.

Amadoda ahleka emhleba, 'Angeke iNkosazana ikhethe uLesedi ukuba abe ngumyeni wayo, akukho ngisho nesihlahlana esincane okhambeni lwakhe.' INkosi, owesifazane ohlakaniphile noLesedi kuphela ababethule.

Yasheshe yafika iNkosazana. Kulokhu yakhuluma nendoda ngayinye, ide ibuka ngokucophelela isihlahla ngasinye. Ekugcineni, ekupheleni kohele olude iNkosazana yafika kuLesedi. Yathatha ukhamba esandleni sakhe yaluphakamisa ukuze wonke umuntu alubone.

'Lena yindoda engizoshada nayo futhi ayikho enye,' kumemezela iNkosazana. 'ULesedi usekhombisile ukuthi uqotho. Ngaphambi kokuba niithole imbewu, lo muntu wesifazane ohlakaniphile wayibilisa ebhodweni lakhe elikhulu elimnyama usuku nesigamu. Lokhu kwakuchaza ukuthi kwakungeke kuhlume lutho embewini. Yonke le imbewu yayifile! ULesedi ulethe ukhamba olungenaso isihlahla – ngibona ngalokhu-ke ukuthi uqotho!'

Ngemva kwezinsuku ezintathu kwaba khona umcimbi omkhulu womshado. Kwafika abantu abaningi kakhulu abaqhamuka kulo lonke elaseLesotho badla, badansela isigqi sesigubhu ubusuku bonke. INkosazana esencane yamthanda uLesedi naye wayithanda. Baphila kamnandi impilo yabo yonke.

Adapted from: 'The Truth Tree' from *Stories that Talk*. Published by Heartlines. © 2006



### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Indlela yokufundela abaneminyaka emi-3 kuya kweyisi-6
- Abavelele ezindabeni: ubaba ofunda njalo nendodana yakhe
- Incwadi encane, *Bayilahlekela kanjani uboya bayo imvubu*
- Ingxenye yokuqala yendaba, *UFeleng ufunda ukufunda*

Ingabe udinga eminye imithombo yolwazi? I-Nal'ibali ingakusiza! Vakashela ingxenye yemithombo yolwazi kuwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole izithombe, izinto zokubekisa, izinhlu zezinto okufanele zenziwe ngesiNgesi, isiXhosa, isiZulu nesiBhunu! Ungasithola naku-Facebook.




Read the original story, *Can you?* published by New Africa Books and available in bookstores. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele.

New Africa Books publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about New Africa Books titles, email [info@newafricabooks.co.za](mailto:info@newafricabooks.co.za)

Funda inoveli yoqobo ethi, *Ungakwazi* eshicilelwe yi-New Africa Books futhi iyatholakala nasezitolo zezincwadi. Le ndaba iyatholakala futhi nangesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele.

I-New Africa Books ingabashicileli bezincwadi zabafundi abasebasha ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika. Ukuze uthole kabanzi ngamagama ezincwadi zase-New Africa Books vakashela e: [info@newafricabooks.co.za](mailto:info@newafricabooks.co.za)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).








Shrug your shoulders.

Qhikiza amahlombe.



shrug shrug shrug

qhiki qhiki qhiki



Stamp your feet.

Gxobha izinyawo.



stamp stamp stamp

gxoxoxoxo





Wiggle your nose.

Nyakazisa ikhala.



wiggle wiggle wiggle

nyakazi nyakazi nyakazi





Tickle your tummy.

Kitaza isisu.



tickle tickle tickle

kitazi kitazi kitazi



Shake your body.


Nyakazisa umzimba.



shake shake shake

nyakazi nyakazi nyakazi





Wave goodbye.

Vayisa uvalelisa.



wave wave wave

vayi yayi yayi



